# HILLCREST HIGH SCHOOL

## ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA

## ISIVIVINYO SIKANOVEMBA

## IPHEPHA LESIBILI (P2)

## IBANGA LESI -10

## UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

**ISIKHATHI:** **Amahora ama-2**

**AMAMAKI:** **70**

**ISIQEPHU A: INOVELI**

**UMBUZO 1: ELOKUFA ALITSHELI**

1.1. UBhiza umngani omkhulu kaVela. (1)

1.2. UMahlase uthumele uMaZwide ngoba yena uphethe isibhamu/ ivolovolo okuzomnika ithuba lokuba acuthe. (1)

1.3. EWembezi (1)

1.4. UBhiza waqashwa nguVela ukuba abulale ubaba wakhe okunguMahlase. (2)

1.5. A. Wasongela ubaba wakhe.
B. Ukubhemela ugwayi oluhlaza egcekeni okuyinto engathandwa ubaba wakhe. (2)

1.6. C= Ningamaphoyisa (1)

1.7. Iphutha ngoba umlandi wale ndaba akasiye umlingisi endabeni. (2)

1.8. UMahlase waxosha uVela ngoba wayebhema ugwayi oluhlaza egcekeni, wayentshontshela omakhelwane okwakumenza abukeke njengomuntu omubi emphakathini. (2)

1.9. UMahlase uvezwe njengomzali oqinisa umthetho ngoba ugcine engasazwani novella ngenxa yokuthi inhlonipho akanayo futhi uyahluleka ukulandela imithetho ambekele yona ekhaya. *(nokunye okunembayo)* (2)

1.10. UVela umlingiswa osemqoka kule ndaba ngoba siyathulelwa yena ekuqaleni kwendaba kanye nenkinga yakhe yokuba ngumuntu othanda ukuphula umthetho okugcina kumholele ukubeni ashone. (3)

1.11. Endaweni yasemakhaya/ emalokishini asathuthuka ngoba kunemikhukhu eminingi kule ndawo. *(nokunye okunembayo)* (2)

1.12. UKhethi noVela bazalwa ndawonye. (1)

1.13. Yebo ngoba uVela ubeciliwe ukuba agade umuzi emini kepha yena wenza okuseceleni. (2)

1.14. Isimo senhlalo sale noveli sinobugebengu ngoba uVela uqasha uBhiza ukuba abulale ubaba wakhe (nokunye okunembayo) (2)

1.15. B (2)

1.16.1. C= Umama kaVela

1.16.2. D= Wadutshulwa washona

1.16.3. B= Wayengumphathi wekilabhu yebhola

1.16.4. A= Unkosikazi kaNgwane (4)

1.17. Udweshu lwangaphandle olutholakala kule noveli siyaluthola lapho uVela exabana noMahlase ngoba ebhema ingwayi oluhlaza egcekeni okuholela ekutheni uMahlase axoshe uVela (nokunye okunembayo) (2)

1.17. Indikimba yale noveli ubugebengu ngoba uVela njengomlingiswa omkhulu uhlushwa inking yokuba isigebengu okwenze wagcina eboshiwe. (nezinye izimpendulo ezinembayo ukufakazela indikimba yobugebengu) (2)

1.18. Isifundo esigqamile kule noveli ukubaluleka kokuhlonipha abantu njengoba uVela ubengananhlonipho ehlukumeza umphakathi okwenze waboshwa okuyinto ebuhlungu. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

## ISIQEPHU B: IZINDABA EZIMFUSHANE

### UMBUZO 2

### 2.1. 'IZINHLIZIYO EZIBUHLUNGU'

2.1.1. Basejele (1)

2.1.2 uNtozonke (1)

2.1.3. Khumalo (1)

2.1.4. Igama likaSenzo langempela nguVusi. (1)

2.1.5. Ukungabi nomuntu azohlekisana naye. Uphinde abe nenkinga yokudukelana nomndeni wakhe. (2)

2.1.6. UDumsani wayecebisa uSenzo ukuba abhalele ingosi yothando "Izinhlizo Ezibuhlungu" ukuze athole umuntu azothandana naye. (2)

2.1.7. UDumsani uvezwe njengomuntu onenhliziyo enhle ngoba ukwazile ukululeka umngani wakhe uSenzo ukuba athole uthando ngoba eshawa umzwangedwa. (2)

2.1.8. Umbhali ukwazile ukuthula isingeniso ngendlela efane ngoba uSenzo ongumlingiswa osemqoka wethuliwe Kanye nenkinga abhekene nayo yokungalutholi uthando. (2)

2.1.9. Umbhali ukwazile ukufeza umgomo wenani labalingiswa ngoba kule ndatshana kuvela abalingiswa abathathu uSenzo, uDumsani kanye noNtozonke. (2)

2.1.10. Lesi sihloko siyahambisana nendatshana ngoba uSenzo unenhliziyo ebuhlungu yokungalutholi uthando okumenza abe nenhliziyo ebuhlungu. (2)

2.1.11. Ukubaluleka kokuthola uthando ngoba uDumsani uhlongoza ukuba kubhalelwe umgosi wothando ukuze uSenzo athole uthando njengoba enomzwangedwa. (2)

**2.2. 'UMCULO OMNANDI'**

2.2.1. Ngehora lesibili (1)

2.2.2. UFreddy (1)

2.2.3. Zuma/ Msholozi (1)

2.2.4. KwaMashu (1)

2.2.5. EWorkshop

2.2.6. C= Umama nendodakazi (2)

2.2.7. UZandisile wathuswa ukuthola ukuthi uFreddy uthandana nomama wakhe uMaZubane. (2)

2.2.8. **izimpendulo ezimbili kulezi ezilandelayo**

a. Wazama ukumshayela ucingo kodwa wangamthola.

b. Wafonela udadewabo kaFreddy ezama ukumthola kuyena.

c. Wafonela umama wakhe ukuba amunike isiluleko. (2)

2.2.9. Sichaza ukuthi umuntu usahambile. (2)

2.2.10. Umlingiswa osemqoka nguZandisile ngoba uyathulwa esingenisweni kanye nenkinga abhekene nayo yokulindiswa nguFreddy isikhathi eside eWorkshop. (2)

2.2.10. Ngangizoshiya umuntu engithandana naye bese ngilungisa iphutha lo mzali wami ngiphinde ngmvele ukuba sekuzoba nzima ukuba ngiphinde ngimthembe. (nokunye okunembayo) (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

**AMAMAKI ESEWONKE: 70**